**Esuka ekubeni uMfundi Onamahloni eyoba Umholi waBafundi: Uhambo lukaNtokozo Pamela Mathabathe lokuKhula nokuSebenzela umphakathi**

KuNtokozo Pamela Mathabathe, ukuthweswa iziqu ze Bachelor of Education degree emkhakheni we Mathematics, Natural Sciences and Technology kuwukugcwaliseka kwephupho lakhe ebelilokhu elikhulisa futhi elinakekela kusukela esemncane. Kuphinde kube uphawu lokuphetha isigaba esibe nomthelela omkhulu empilweni yakhe njengoSekela Nobhala woMkhandlu Wabamele Abafundi Wesifunda saseTshwane, lapho azinikele khona ekulweleni amalungelo nezidingo zabafundi kanye nokubasiza ukubhekana nezinselelelo zempilo yasenyunivesi.

Uthando luka Mathabathe lokufundisa lwaqala esemncane. ekhuthazwa ngothisha ababeyizibonelo ezinhle kuye phakathi neminyaka yakhe youfunda, wakha umbono ocacile ngekusasa lakhe futhi walandela izifundo ezazizomhlomisa ngamakhono adingekayo ukuze ezoba nomthelela obalulekile ezimpilweni zabantu abasha.

Isinqumo sakhe sokufunda e- UNISA ekuqaleni sagqugquzelwa yisifiso sakhe sokuhlala eduzane nasekhaya ngesikhathi ephokophele ekufezeni izifiso zakhe zemfundo. Nokho, lokho okwaqala njengendlela ayeyibona ilula futhi imfanele ngokushesha kwaphenduka inkundla yokukhula komuntu siqu sakhe, ukuthuthuka kanye nokuhlola amathuba amasha.

“Ukuba umfundi nge-inthanethi kwanginika ithuba lokufunda ngikhululekile ngisekhaya. Okuxakayo manje ukuthi senginqoba umhlaba nge-UNISA,” kusho yena ecabanga ngohambo lwakhe.

Njengabafundi abaningi abafunda ngokufunda kude, uMathabathe wabhekana nezinselelo eziningi phakathi nohambo lwakhe lwezemfundo. Ukufunda eyedwa ebhekana nengcindezi yezivivinyo ezenziwa nge- inthanethi kwakuvame ukuletha izikhathi zokungabi nasiqiniseko ngakwenzayo kanye nokukhathazeka. Esikhundleni sokuvumela lezi zinselelo ukuba zichaze ulwazi lwakhe lokufunda, wasebenzisa njengomthombo wokumkhuthaza ukuba asekele abanye abafundi ababebhekene nobunzima obufanayo.

Esebenzisa ulwazi aluthola ezimweni zakhe siqu, wazibandakanya ezinhlelweni ezazihlinzeka abafundi ngeziqondiso, ukweseka kanye nezinsiza ezidingekayo,

ikakhulukazi ngezikhathi zezivivinyo. Ukuzinikela kwakhe enhlalakahleni yabafundi kwagcina sekumdalele ugazi olwachaza uhambo lwakhe lobuholi.

Ukulinganisa izibopho zakhe zemfundo nemisebenzi yakhe yoMkhandlu Wabamele Abafundi (SRC) kwadinga ukuzithiba, ukuzinikela kanye nokuphatha isikhathi ngokucophelela. Kusona sonke isikhathi sakhe ebuholini bababafundi, waqhubeka egxile esizathwini esasimenze wabhalisa enyunivesi kwasekuqaleni:okwakuwukuthola iziqu zakhe ngenkathi enza umthelela omuhle emphakathini wabafundi.

Ubuholi bababafundi baphinde bamguqula njengomuntu. Yize ngaphambilini ayengumuntu othule futhi ozigcinayo, uMathabathe wathola izwi lakhe emkhankasweni wokuba isishoshovu esilwela amalungelo abafundi kanye nasekubameleni. Lolulwazi lwamhlomisa kakhulu ngokuzethemba, amakhono obuholi kanye nomuzwa oqinile wenhloso nesiqondiso empilweni.

Umsebenzi wakhe njengomholi we-SRC wawuqhutshwa kakhulu yisifiso sokweseka abafundi abavela emiphakathini entulayo kanye nasezindaweni zasemakhaya. Njengoba naye ayekade ebhekane nezinye zezinselelo ababhekana nazo, wazimisela ukuba umxhumanisi phakathi kwabafundi kanye nenyuvesi, eqinisekisa ukuthi izikhalo zabo, izidingo zabo kanye nezinto ezibakhathazayo ziyezwakala futhi zibhekwa ngendlela efanele.

Ngaphezu kobuholi, ukuxhumana kwakhe nochwepheshe, izifundiswa kanye nabaholi bezikhungo zemfundo kwamkhuthaza ukuba acabange kabanzi ngekusasa lakhe. Namuhla uqeqesha futhi uqondise othisha abasafunda, afundise abafundi i-Mathematics ngezinhlelo ze-UNISA, futhi uqhubeka nezifundo zakhe ngenhloso yokuthuthukisa umsebenzi wakhe kwezemfundo.

Ukuthwesa iziqu kusalokhu kungesinye sezikhathi ezimqomqoka nezimjabulisa kakhulu ohambweni lwakhe lwempilo. Njengoba ayebone abafundi abaningi bethweswa iziqu eminyakeni edlule, naye wayehlale ezibona efinyelela kulowomzuzu obalulekile futhi owawuyiphupho lakhe.

“Bekulokhu kuyiphupho. Kusukela ngowezi-2019, bengihlale ngisho ukuthi ngelinye ilanga nami ngizohamba nginqamule isigcawu sokwethweswa iziqu’’

Njengoba ebheke ikusasa, uMathabathe usazimisele ukuqhubeka nokufunda impilo yakhe yonke kanye nokufaka isandla ekuthuthukiseni umphakathi. Umyalezo wakhe kubafundi bamanje ugxile, ekubekezeleni, isekuqineni, kanye nasekuthembeni.

Lapho ecelwa ukuthi afingqe uhambo lwakhe e-Unisa, wanikeza impendulo eyayiveza ngokugcwele futhi ngokuneqinisngakho konke adlule kukho phakathi nohambo lwakhe:

“Uhambo lwami- UNISA lube yisifundo esiyisisekelo sokukgikhulisa nokungibumba njengomuntu- 101.”

Indaba yakhe iyisikhumbuzo sokuthi impumelelo kwezemfundo ayigcini nje ngokuthola iziqu, kepha iphinde ibe mayelana nokuthuthuka njengomuntu, ukubekezela, ubuholi, kanye nesibindi sokuphuma endaweni yokunethezeka.

* *Ithunyelwe u Lungisani Nzuzo Mbatha, Intern, Communications and Marketing Unit. GAUTENG REGION*